


NguMongameli uHenry B. Eyring

UMeluleki wokuQala
kubuMongameli BokuQala



INjabulo yaLabo esibaThandayo

Sonke sibafisela injabulo labo esibathandayo, futhi asithandi bezwe ubuhlungu ngisho bungabuncane kangakanani. Uma sifunda ngezindaba zenjabulo—nezobuhlungu ngokunjalo—eNcwadini kaMormoni, izinhliziyo zethu ziyathinteka uma sicabanga labo bethu esibathandayo. Nansi indaba eyiqiniso yesikhathi senjabulo:

“Futhi kwenzeka ukuthi kwakungekho mbango ezweni, ngenxa yothando lukaNkulunkulu olwalukhona ezinhliziyweni zabantu.

Futhi kwakungekho mona, nazingxabano, naziphithiphithi, nabufebe, nankohliso, nakubulala, nanhloboni yenkanuko; futhi ngempela akusoze kuze kube khona abantu abathokoze kangaka phakathi kwabo bonke abantu abadalwa yisandla sikaNkulunkulu.”

Emva kwalokho sifunda lokhu:

Futhi babebusiseke kangakanani! Ngokuba iNkosi yababusisa kukho konke ukwenza kwabo; yebo, babusiswa futhi baphumeleliswa kwaze kwaba ngisho ikhulu neshumi leminyaka seledlule; futhi nesizukulwane sokuqala kusukela kuKristu sase sedlule, futhi kwakungekho mbango kulo lonke izwe.” (4 Nefi 1:15–16, 18).

Abafundi baKristu abanothando bayasikhulekela futhi basisebenzele isibusiso esinjena ukuze kusizakale abanye nabo ngokunjalo. Siyazi ukuthi isipho senjabulo singatholakala ngenxa yezindaba eziseNcwadini kaMormoni ngokunjalo nangenxa yalokho esikwaziyo ezimpilweni zethu.

Siyazi ukuthi indlela eya enjabulweni ilotshwe ngokucacile. Siyazi futhi ukuthi ukugcina isimo senjabulo sikhona njalo akulula ngaphandle uma “uthando lukaNkulunkulu” lusezinhliziyweni zethu, njengoba kwakunjalo kumaNefi emva kokuba behanjelwe nguKristu.

Lolo thando lwalusezinhliziyweni zamaNefi ngenxa yokuthi babewugcina umthetho owawenza ukuthi lube khona. Isifinyezo salowo mthetho siyatholakala emkhulekweni wesidlo seNkosi, oqala ngokunxusa okuvela enhliziyweni kuBaba wethu oseZulwini osithandayo. Sikhuleka ngenhliziyo egcwele ukholo kuMsindisi wethu, futhi sigcwele uthando lwakhe olujulileyo. Siyazinikela ngeqiniso ukuba sibizwe ngegama Lakhe, ukuba simkhumbule, nokuthi sigcine yonke imiyalelo Yakhe. Okokugcina, siba nokholo kuMoya oNgcwele, oyilunga lesithathu loMgwamanda waseZulwini, ukuthi uhlale nathi njalo, ufakaza ezinhliziyweni zethu ngoBaba nangeNdodana Yakhe eThandekayo. (Bheka iMf&V 20:77, 79)

Uma sihlezi sinoMoya oNgcwele, izinhliziyo zethu zingaguquka silufune futhi silwamukele uthando lukaBaba wethu oseZulwini nolweNkosi uJesu Kristu. Indlela yokuluthola uthando lukaNkulunkulu ezinhliziyweni zethu ilula, njengoba kunjalo futhi ngokulahlekelwa yilolo thando ezinhliziyweni zethu. Isibonelo, kukhona ongakhetha ukungakhuleki njalo kuBaba oseZulwini noma ukungakukhokhi okweshumi noma ukungazitiki ngezwi likaNkulunkulu noma ukungabanaki abampofu nabasweleyo.

Uma sikhetha ukungayigcini imiyalelo yeNkosi kungadala ukuthi uMoya usuke ezinhliziyweni zethu. Uma kuba njalo-ke, nenjabulo nayo iyaphela.

Injabulo esiyifunela labo esibathandayo incike ekutheni bona bakhethani. Nakuba simthanda kangakanani umntwana, isivakashi, noma abangani bethu, ngeke sabaphoqa ukuthi bayigcine imiyalelo ukuze bafanelwe wukuthola uMoya oNgcwele ozothinta nozoguqula izinhliziyi zabo.

Ngakho-ke usizo oluhle kakhulu esingabanika lona yinoma yini engabaholela ekutheni baqaphele lokho abakukhethayo. U-Alima wakwenza lokho ngesimemo nawe ongasenza:

“Nizithobe phambi kweNkosi, futhi nibize igama layo elingcwele, niqaphele futhi nithandaze njalonjalo, ukuze ningalingwa ngaphezulu kwalokho eningakubekezelela, futhi ngaleyondlela niholwe nguMoya Oyingcwele, nizithobe, nizehlise, nivume, nibekezele, nigcwele uthando kanye nakho konke ukuba nenhliziyi ende;

Ninokholo eNkosini; ninethemba lokuthi niyozuza ukuphila okuphakade; ninothando lukaNkulunkulu njalo ezinhliziyweni zenu, ukuze niphakanyiswe ngosuku lokugcina futhi ningene ekuphumuleni kwakhe.” (Alima 13:28–29).

Ngiyathandaza ukuthi labo enibathandayo bangasamukela isimemo sokuthi bakhethe indlela eya enjabulweni engapheliyo.

IMFUNDISO EVELA KULOMYALEZO

UMongameli u-Eyring ufundisa ukuthi injabulo esiyizwayo empilweni incike ezinqumweni esizithathayo. Ngesikhathi ukhuluma ngalomyalezo, wocabanga ngokugxila kulezo zinto uMongameli u-Eyring athi singakhetha ukuzenza ezingasiholela kuleyo ndlela eya enjabulweni (njengoku khuleka, ukusebenza, ukuba nokholo, nokuzinikela ngeqiniso). Ungamema labo obafundisayo ukuthi babhale phansi okubili noma okuthathu abangathanda ukukwenza okungabaholela kuleyo “ndlela eya enjabulweni engapheliyo.”

INTSHA

Izenzo Eziholela Enjabulweni

UMongameli u-Eyring ufundisa ukuthi “injabulo esiyifunela labo esibathandayo incike ekutheni bona bakhethani.”

Ungafunda ngomthelela ukukhetha kwethu okuba nawo kulezi zibonelo zikaNefi, Lamani, noLemuweli. ULamani noLemuweli babevungama futhi babengafuni ukuyigcina imiyalelo (bheka ku 1 Nefi 2:12.) Ngenxa yalokho, bona nezizukulwane zabo baqalekiswa futhi bahlukaniswa neNkosi (bheka ku 2 Nefi 5:20–24). UNefi wakhetha ukuyihlonipha imiyalelo (bheka ku 1 Nefi 3:7), futhi ngenxa yalokho, yena kanye nabantu bakhe “[baphila] ngendlela yokujabula” (2 Nefi 5:27).

Ungakhetha ukwenza ukulunga futhi ujabule. Kodwa abantu onabo mhlawumbe basazokukhetha ukwenza okubana okuzobaholela osizini noma ebuhlungwini. Nakuba lezo zinqumo kungezabo, isibonelo sakho singenza ukuthi nabo bakhethe ukwenza okuhle. Kungenzeka kanjani ukuthi lokho okukhethayo kulethe injabulo kwabanye na? Ake ubonisane nabomndeni wakho ngezindlela ezahlukene ongabafundisa ngazo labo onabo futhi ubasize bezwe injabulo.

ABANTWANA

Inselelo Yokuba Nomusa

Ngesikhathi uJesu ehambela abantu emazweni aseMelika, wabafundisa ukuthi bathandane futhi babe nomusa. Yikuphi ongakwenza ukuze ulandele uJesu nokuthi ubathande abanye na? Nakhu ongakuca-banga. Faka uphawu kwinsalelo ngayinye osuyenzile.

- Ngingamsingatha odangele.
- Ngingasebenzela othile ngasese.
- Ngingafunda noma ngilalele inkulumo ngokuba nomusa.
- Ngingaculela umndeni wami iculo labantwana.
- Ngingamamatheka kulowo obukeka enesizungu.
- Nginga_____.
- Nginga_____.



Umndeni: Isimemezelo Somhlaba Wonke

Ngomkhuleko funda lemibhalo futhi ufune ukwazi ukuthi yikuphi ongakhuluma ngakho. Ukuqonda kwakho imfundiso ngomndeni kungababusisa kanjani labo obabhekile ngokubavakashela na? Ukuze uthole olunye ulwazi, vakashela ku reliefsociety.lds.org.

Ukholo, Umndeni, Usizo

Emhlanguweni omkhulu weNhlanguano yokuSiza yabesiFazane owawungonyaka ka1995, ngesikhathi uMongameli uGordon B. Hinckley (1910–2008) efunda okokuqala “Umndeni: IsiMemezelo SoMhlaba Wonke,” uBonnie L. Oscarson, umongameli wamaNtombazane emhlabeni wonke, wathi: “Sagcwala ukubonga futhi sakuthanda kakhulu ukucaca, ubulula, kanye neqiniso lalombhalo owembulwayo. . . . Lesi simemezelo ngomndeni sesiyisona silinganiso sethu esisisebenzisayo uma sibuka izimfundiso zomhlaba, futhi ngiyafakaza ukuthi lemigomo ebekwe lapha . . . iyiqiniso namhlanje njengoba yayinjalo nangesikhathi umphrofethi kaNkulunkulu esinika yona cishe eminyakeni engamashumi amabili eyadlula.”¹

“Kulesi simemezelo somndeni,” kunezela uCarol M. Stephens, umeluleki wokuqala kubumongameli beNhlanguano yokuSiza yabesiFazane yomhlaba wonke, “sifunda ukuthi, ‘embusweni owandulela impilo yasemhlabeni, amadodana namadodakazi omoya ayemazi futhi emkhonza uNkulunkulu njengo Yise waPhakade’² . . .

“ . . . Sonke ngabanye singabomndeni kaNkulunkulu futhi siyadingeka kuwo.”³

Siphila esikhathini lapho abazali kufanele bavikele amakhaya nemi-ndeni yabo. “Umndeni: IsiMemezelo soMhlaba Wonke” singasihola.

Eminye imiBhalo eNgcwele

Mosiya 8:16–17;

IMfundiso neziVumelwano 1:38

Izindaba Zabantu Abaphilayo

“ULee Mei Chen Ho weWadi yesiThathu yase Tao Yuan, kwisi-Khonkwane saseTao Yuan eTaiwan, wathi lesi simemezelo sesimfundise ukuthi ubudlelwano bomndeni busiza ekutheni kukhule isimilo sasezulwini njengo kholo, ukubekezela, kanye nothando. ‘Ngesikhathi ngizama ukwenza kangcono ngokulandela isimemezelo, ngiyayizwa injabulo yangempela,’ kusho yena.”⁴

UBarbara Thompson, owayekhona ngesikhathi kufundwa isimemezelo okokuqala futhi okwathi kamuva wasebenza nje-ngomeluleki wokuqala kubumongameli beNhlanguano yoSizo yabesiFazane yomhlaba wonke,

wathi: “Okwesikhashana ngake ngacabanga ukuthi [isimemezelo ngomndeni] sasingangithinti mina ngoba ngangingashadile futhi ngingenabo abantwana. Kodwa masinyane engqondweni yami ngathi, ‘Kodwa siyangithinta nami. Ngiyilunga lomndeni. Ngiyindodakazi, ngingudade, ngingu-anti, ngingumzala, ngingumshana, futhi ngingumzukululu. . . . Ngisho noma kwakuyimi kuphela ilunga lomndeni wami eliphilayo, ngiseyilunga lomndeni kaNkulunkulu.’”⁵

OKUFANELE KUKHUNJULWE

1. UBonnie L. Oscarson, “Defenders of the Family Proclamation,” *Liyahona*, Meyi 2015, 14–15.
2. “Umndeni: IsiMemezelo soMhlaba Wonke,” *Liyahona*, Novemba 2010, 129.
3. UCarol M. Stephens, “The Family Is of God,” *Liyahona*, Meyi 2015, 11.
4. UNicole Seymour, “‘The Family: A Proclamation to the World’ reaches 10-Year Milestone *Liyahona*, Novemba 2005, 127.
5. UBarbara Thompson, *Daughters in My Kingdom: The History and Work of Relief Society* (2011), 148.

Cabanga Ngalokhu

Kwenzeka kanjani ukuthi “Umndeni: IsiMemezelo soMhlaba Wonke” kube ngumbhalo wesikhathi esiphila kuso na?